ILANGA LASE NATAL

Olwesihlanu, June 18, 1920.

UKWONGA

UDABA esike sati ukulapata ngelidhlule lokwokuti abamhlope sebete ukubona ukuti izimpahla oziyi sehla ekubiseni sebese basibondakanya ukuba basinqumisele ekutengeni izinto eziningi abangahle bahlale ngapandhle kwazo bezo basicilizele kupela kokudingekayo. Lemihlangano siswa ukuti iyanda yonke indawo nganeno napesheya. Umpumela waloko kusinqumisela usuzwakele ukuti asqalile ukuwehlisa amarani. Kungaye kubeke ka ubufazi ukuba sikalume lapa kuekundhleni yamadoda ngokudhla, kanti sodbonile ukuti ukudhla kwabantu ngenye yezindaba ezinkulu ezize ekudungeka nabanguHalumeni bayimele ngezinyawo zombili.

Indaba eyenza siloku sigxobela kuloludaba ngoba yilo olusibeko pansi kwazo sonke isiswe esifikayo lapa. Kubuhlungu ukubona umuntu ejuluka esikahlela elima umbila namabele kepa abe engasose ahlala nako loko kudhla abe ekulimela ukucebisa emaSolumane namaKula nabeLungu. Omunye wesifesane ngalapa kwaDumisa waloba kona lapa epepeni ngalamasosito sdhlulile wati amakosi lana abakani ukuba ukudhla kwabantu kube yiloku kucitwa lapa kuvunwayo kube kuzobuye kulandwe emva kwamasentwana ngemali epindiweyo. Nomanye umbhali kulo leli uti yena makusukwe kumiwe ngesinyawo kuvinjelwe ukuyocita umbila ngalonyaka lapo kuvunwayo. Bobabili lababebheli bahlab'emhlolweni. Kungatiwe abantu abanawo amatangi. Konje bengakafiki abelungu yabe ingeko yini imigodi? Namhla ingahle yakiwe kungoono inganeti yenze umbila isangoobe ngoba sekukona usemende. Siti makubuyelwe emigodini uma kungasafuwe amatangi. Uma udaba lokubiza kwesimpahla lwenze abelungu basihlanganise kudingeka kangakanani kiti tina esingaholi luto nakade? Ukuze singacitshikezwa yilamadani kuhle sipapame s'onge loko esinako sisibambe ekugqokeni nasekudhleni kumbe kungaze abezitolo babuyele endhleleni ngoba aluko uto olubakutasa njengoba bebona kusagcwala abantu betenga.

Zintingi izimpahla ezifikiselwa tina sodwa lapa. Kukuso tesoke lapa siswele ukudiliza leyo mitangala esakelwa yona ngokosibamba singatengi okungadingekiyo nokufaneleyo. Yiso lesisikati sokuz'aka nokwenzaizinto esizilleyo zabudoda singade sitobele ukugegwa iminyaka ngemiyaka.

EZANENO NAPESHEYA

IMPI YOKWONGA.

Lendaba esiyincome ngelidhlule kuzwakala ukuba iyanda yonke indawo Napesheya sekushiwo ukuti izinhlangano zanda ubutopatapa. Sekukona abati basosimisela ukugyoka okudala kanokutenga okusha nasebe kugqoka. Kuyeswakala ukuti amani aseyaqala ukuswa isisindo senhlangano kwamaoye amaswe.

o o o

BAYABONA ABANYE.

Emhlanganweni wabafundisi base Church eNgilande lapo kuzoxwa ngesindaba romsebenzi kubantu kukulunywe kakulu ngokuti abantu sekufa nele bapatwe njengamadoda bangabi yiloku bepatiswa okwesinganc ngoba sebeyabona.

o o o

UKUGQDUSWA KWAMAINDIAN.

Ubusile eParlamend: uMr. Thos. Roydell ukuti umbiko weCommission yodaba lwamaIndia owati a'tona afuna ukomuka wenziwa njani, wati futi kungenzeke yini ukuba lawo agodukayo angapucwa imali yabo eyigolide nesinda idolo nezindondo nemigexo na? Upendulile uPrime Minister wati sekuketwe indawa yokuwalungisela lawo afuna ukugoduka nokuti abazakumukwa esibukweni isimpahla zabo zegolide.

o o o

ABAYI NGANHLANYE.

Kusobala ukuti abantu kungenzeke baye nganhlanye bengemanzi. Siti ngalapa sishayela isitupa leliBill laBantu sibe siswa ukuti abakiti base Port Elizabeth bati abalifuni leliBill malicitwe.

o o o

INDUKU ISHAY'IMVIKI.

Udatshana esike saluxoxa lapo kwelidhlule ukuti oNurse babelungu bapukulele ukuba kwakishwa amaIndia eBibbedhlela kwafakwa abantu, esikolile kwaze kwatiwa kuzo buyisetwa wona amaIndia ngoba abantu abakwazi ukusebenza lapo okunjengokupeza isigudi zabelungu nokubeganda. Yeboke yibolabo njalo okutiwa basozo shwa ukuti sebekele nini ukuba nosizo. Tina sisapita nzuti kutiwa bahlalele njalo abantu befundiswe kahle njengalawo mafudia.

UMOBA NEZULU.

Ukomisa kwalenyanga, sekuwabulele umoya nezhamba amabala okusha amaningi. Uma kulinganiswa kutiwa nzoba yingcozana lapo eNatal kunowanyakenye ngenza yokomisa loko kwesulu. Kanjalo njalo sdingeka konke iswe. Loku nemihlozi sbingakawudzelli ngenza yokuba ingakalinganiswa amadoda akatwe uHalumeni sekuwakele ukuti imishini isiyowakipa ngobe asezijubile uHalumeni ukuba iwakipe kangahlupeki iswe. Kepa loku labonakalisa ukuti iseni likeshakela liku de ukwehle.

IZINDATSHANA NGEZINTO NABANTU

Isinkwa esikulu esma lb. amabili sibiza 1/3 eKokstad.

—:o:—

Uwetile waya p sheya uMbishop Delalle waseNatal waseRoma.

—:o:—

Useyabuya p e s h e y a uRev. J. Henderson iPrincipal yaseLovedale.

—:o:—

Zipumile isikole esikulu ngolwesi-Tatu abantwanyana basesapumula emakaya okwasebusika.

—:o:—

Umuntu oseleku abuya emhlangaweni wesiMame eFafa ngoMay ehlesi ngobuhlungu ngaMrs. Z. K. Goba waseNanda.

—:o:—

Ubike ukuti kusoba yinala kwelase Bergville uMr. S. J. Sitebe. Kepa ubabasa namakasa manje.

—:o:—

Ucela abenombhlila otengisayo kalula bamlobele uMr. Ephraim Sabela wase Boughton, Natal.

—:o:—

Ulungise isiposiso sake uMr. J. H. Masinganye lapo ati Mrs. esikundhleni sika Mim.

—:o:—

Sike sabona uMr. noMrs B. S. Mtetwa baseAdams M. S. Qa, kapilile uMr. Mtetwa seloku ehla eGoli.

—:o:—

Uselapa eTekwini uMrs. S S Goba waseNigel, Transvaal ngokufuna amakambi. Uzobuye akupuke emva kwamasontwana.

—:o:—

Uyapika uElder L. T. M. Zungu ukuti ungowe Zulu Congregational Church. Uti elake ibandhla yileli: The African Christian Baptist Church of South Africa.

—:o:—

Uyobe eseMgan'hlova ngoMasombaluko ka 21st June uMr. Elka M. Cele mdhla kuvaleliswa uLord Buxton yindhla emnyama.

—:o:—

Umlungukazi eJosi usanda kungenela inkantolo ngendhlovayangana ebuza ukuti indaba yake ayilungiswa ngani. Wakishwa zgandhlamu.

—:o:—

Induna enkulu yombuso wasePortugal yabulawe yisifo esahlehletekiswa amaswi awaboza ebhalwe ngaye epepeni empete kabi.

—:o:—

Umhlangano omkulu wabaBishopo baseChurch of England iLambeth Conference uyongena eLambeth Palace ngoJuly 5.

—:o:—

Ulapa eNatal uRev S. P. Nkomo we The Apostolic Faith Mission uzobona umsebenzi wehlelo lakubo. Upete iNatal neZululand.

—:o:—

Kuhlongorwa umshado waoMr. William Ngidi noMiss Jane Nyongo ngaye uJuly lo. UMr. Ngidi owase Nanda noMiss Nyongo owaseGroutville.

—:o:—

Kukona umshini wokundiza wamaJalimana osanda kwakiwa onamandhla okufakula amaTon angama70. Wotalwe kumaNgisi.

—:o:—

Umuntu oyingaba uRev. S. J. Hlongwa owazi izilimi esisikombisa soto engafundanga esikoleni. Ngowase Nigel, Transvaal.

—:o:—

Sitakase'a umsebenzi omuhle owenziwa nguRev. A. P. Kuhlman eGood Hope esifundeni saseNewcastle owafica ihlane namhla seku umuzi sekwakiwe.

—:o:—

Umuntu wafa kabi ngalapa eCamperdown. Babenza isitomiya zotshazi bokutengisa ate esappepele amakasa wasuka umshini wamcibikeza.

—:o:—

Umfo owoqa ejele eJosi ngo 1906 uze wetuka ebanjwa lapa eTekwini ngelidhlule. Ingalo ende yomteto ise yamhilela.

—:o:—

Usobhala weAfrican club, J. H. burg uMr. A P. M. Mologa Kazosana ulibe ngise eSwazini (Swaziland)

Sengati uyoti ebuya alibangise eNatal.

iBala NamaSonto.

(NGU MAHAMBEHLA.)

Ngicawa i"Langa" lika 21/5/20 ngendaba eswisa ubuhlungu ayensiwe iKomfa yamaWesili eRini kubafundisi abatile abamnyama base Natal. Kwapo ngite ukuba sengibhekise ubuso bami eNatal ngivela eTransvaal, ngahlangana nabatile abamhlope beti isiBampa esimnyama sinopela sinenteteso.

Naku esihlezi re"Langa" sengitola kudaba ebuhlungu siti sonke. Ngoba pela iWesili ibi isiboselo esihle nakwabanye abamhlope bamanye amabandhla

Mweseli uddwa ihlemva lenkawa uma ati ninamafa eWesili nColour Bar ikupikisile. Uqehile uma aba mhlope bahlangene.

Akuko nesipi isikole esipetwe omhlope lapo emnyama enelifa kona futi awezi ukuba iParliamendy ka 1915 labasani kwabamhlope ngamafa abawanikwa ngati? Impendulo: Sezwakotshwa eParliamendeni. Kuqala induku oy'pete ofana nkugelela ingqwele ngayo iKloko Ngibona isokwapuka qede ubaleke kusale abafundisi bodwa empini. Basiwe eMaputaland nokuba abaPamli, ubusutata abafundisi nobuvanzeli sebezoshiwe kube isempa sika Rev. J. Conjwa. Ngoba labo sebohlala be isidhlanga kumlungu nasini. Anihlangane neKoloni neOrange R. Colony nina maWesili odwa nisoboshwa abelungu uma uti ninamafa eWesili vesa induku oti akugaleiwe ngayo. Ngoba isiga sakiti sifi "Kubaleka eyahlulwayo." Wena uti ukuhlabaka. Bheka iminiti zeKomfa ukuti siniketile yini kubaTresurer & Tr stees yeProperty sika 1920.

Mina ngafumana imfihlo yabamhlope nzamafa oti awenu. Futi ngaya naseni nkantolo nakwaNdaba Zabantu eP. M. Burg ngatela sengilingise uMr. C. B. Dhlamini elwela iExemption eTransvaal. Amafe onke abekwe uWesili ungawatinti uWesili umlungu. Niti ngoba umlungu ufana imali kini nicabange niti owakini?

Umhlangano kaBandhla linye obe useBloemfontein ngoFeb 25, 1920.

Mhleli otandekayo, ake ungivulele ngibe nguNgxamabatweni kulendaba. Kepa pela uMfundisi Mkize wasitibela tina esingagcotshiwe ingani indaba siyabona ukuti yakelwa tina, poka sase emaba ukupendula ngoba singagcotshiwe. Naloko njalo kukomba umoya opakeme kakulu kulobaba ohlonipekayo, engiti nekuloko kuhlangana okupenywayo akunakuba kona uma abanye besasi ubukulu. Zikona isinto engingasipawula kulelibandhla elisukuswayo.

1. Isikwania sesintandane nabafelokasi ngiti sobakona ngogama nje bazalwane noma inganikelwa leyomali namhlanje ibe ngu £20,000 ingeke ibonwe yensa lowo msebensi, kube kona omkulu umsindo Lento yehlula amaRoma ngoba sikona zona isitandane kepa sipila ngesitokatuku zato kunokondhliwa ngesikwama leso.

11. Yikuti imiteto yalelibandhla yesukela emvelweni, futi yakiwe ngamakosi esiswe.

Nakuloku ngiti kungaba libandhla elewukelayo lelo. Futi uma kukona abantu abatanda ukuhlanzeka kwenkolo bangeke bahambe naleyo nkolo yamakosi. Ngihlala nawo amakosi, ngiyatanda kakulu ukuba skolwe kepa anginakuyincenga ukuba ingene ebandhleni lakiti ngoba ngingapendaka ngikonze yona esikundhleni sokukonza uTixo. Ngazoke uma lelibandhla lingawatola amakosi abe ziohloko zebandhla, lelibandhla abafund' bezi-Bhalo esingewele bangahle bakutsbele ukuti linoPawu lweSilo. Ngoba pela umbuso wamblaba yiSilo, inkosi ebusa lesosiswe laPondo lweSilo. Uma inkolo isihamba ngemiteto yamakosi kuko yeswe luPawu lweSilo-ke lolo.

Ngiti amakosi ahlaksnipilleyo awasoze akuvuma loko baFundisi, ngoba wona afanele ukutanda bonke abantu bevela kuwo onke amahlelo. Ngumbhoshongo lowo baFundisi, fati nokumbula ukuti okwabanga inhlewuka engaka ebandhleni lokuqala kwaba yikungena kwamakosi omhlaba nezicobi sibe neswi elibusa ibandhla okwapeta ngokuba isikundhla zitengwe futi zibe ngesabakulu bosalo namakosi, lokoke kwenza abahlanzi benkolo bagembuke kulelobandhla lombuso womhlaba.

Sekusho yona yini iNkosi yeZulu bafundisi ukuti yakani ibandhla elinjalo? Bekungcono lokn kwabati African Congregational Church ukuse isikwama sime kahle sipume kubalumbi. Amakosi enu akeleni nje, isikwama namabandhla akunakuhlangana loku sinceku zeNkosi yenzani okunye. Okunye okobanga ukuba ningezwani yiloku senafundiswa izindhlela zamasiko enu, imiteto eniyakuyaka iyakugewala inquboyalelo bandhla owabe upansi kwalo, ati oyifundayo obe ngumLuteni ati, Ha! kanti oMkize laba bosenzela imiteto yabo yase Sheshe! Hayike angime Mhleli, Soyicel'ivutiwe.

Yimi owenu eNkosini,

S. D. SIMELAME.

Umfana weSangoma.

Umuntu gae ocabange ukuti isikati sokupela kweswe esikode badase ngenza yokubhedh o'kukona pakati komh'aba.

o o o

Kuke kwanda kakulu lapa emhla ukuti makungabe kwabikalwa ngelwe-Sine. Beti kwehla inkomo esulwini yataho njalo kepa akuaye beti; hayi amanga akuaiyo inkomo ngamunta. Sekohlwa nje.

o o o

Nam-Sonto amaningi kangaka ayasimangalisa ngoba lisilo lisiacome necikti "ngapesa kwemaaye feti lisendhlelini eqonde ngqo esulwini. Ake sisi'se nina enani umBhelo nibloliise ukuti lesisinto sitoho ukutini.

o o o

Besisqamile kuMr Champion. Ayiko into ayenaiyo ngapandhle kokuba ade eqepele ukungaka abantu ngesake bekuvesala iswe lapa epepeni. Uma yena asi ukuti uMr. Fuse abakalumi lona iqinise ngomshado kaaye nokupema kwabantu emtetweni, yini angasitheli okwake ukwasi? Ibona buboli bake lobo owasebugabisela uMr. Joshua Calusa?

o o o o

Siyajabula nxa abelungu sebebona ukuti kungebe kona ukuhlala kahle koleliswe ngapandhle kokuba umuntu apatwe ngenye indhlela kanale apatwe ngayo. Nempelake kwobala kuye wonke umuntu loko.

o o o o

Sisekude ukuba namandhla okusenzela isinto esingasesona isiswe ngenxa yokuba amakosi akiti, awacabangi into ngapandhle kwesitembu kanye nokupoza utshwala nogoloqo. Lesisinto singeke sake luto olubi kumuntu. Makosi akiti qapelani sibulawa yini.

Ezase mhlabeni.

(NGU SOMPUNGANA.)

Sesiyapuma ke izikole, otisha bazokwanda ngasesemakaya, abanye bazonqena ngisho nokuya kwovuna ukudhla emasimini. Wo, he, lafa elihle kakulu, abanye besifesane sesintombi kuse kosuke unina ayokuka amanzi, aye kogaya, asiode nasendhlini lesintombi esiti zingotsha sibe sikilosha nje kapela! Iya, klibhi, ngoke ngibo ne ukuti aPasi nine kayikuyikalela yini ekaya leyo?

Kuyadabukisa ukubona izingane siti sipuma esikoleni sibonakale zande kakulu emadolobheni size zishiywe nayisitimela sokuya emakaya kunjalo nje futi nokungebani nxa sekuti kupuma ekplishi, kuyaye kusicabange kakulu kuti, mina ngingaMies. Bantwana, ye, akeni kahle ukufikelwa yim'cabanga yobuwula yokosicabanga! "Oti ayinto, akayinto yaleto."

Lendaba yokugudulazwa kwebala komunta omnyama ebiswa ngokuti Colour Bar abantu basopukazeka base bajabule ngokucabanga ukuti sebezofana nabelungu kanti akasiyo into enga yitokoselwa umuntu wase Africa leyo Into epambili yokujatshulelwa nxa ingase yenzeke yiloko kwokuba abelungu baholele umuntu omnyama imali yokump lisa kahle, futi amadoda aganiweyo angaholelwa imali yabagoniwe. Yiloko nje kwempilo, okwebala yize esikatali ngako, nalo yo nkululeko engabonwa yisipozo ekususwani kwebala nxa isisa sikala e kukuse konke loto kungaba yinhlalati!

Abelungu abati abuqondi kahle ukuma kwasemhlabeni lapa ngabecabanga kuqala ukuti bonke lapa eAfrica bapuza iTea, Coffee, Cocoa, Beer, nayo yonke into eya ngasekonyeni ikakulu ubisi (Milk) olupuma pakati kwemiswe yomuntu omnyama eyisha-

IsiNgisi sabelungu siyangipiza ngoba indoda u"boy" kanti bati nxa befika nangilishi bati u"boy" umfana ma nje lesiSingisi sabo uBoy sikuyindoda.

Ukuvimbela ukuvukwa yiGrip.

Lesi isikati enyakeni lapa labo abaka de beguliswa yilolohlobo lwemfisenza olutiwa yi "Grip" lapo sebeculiswa okulandela njalo ukubagulisa kwaso isifo.

I "Grip" isbiya igasi seli amanzi kuti loku kupapateka okwelama lomkuhlane kube lakuni kakulu ukuswa imiti.

Kwesweleke kulungiswe loku andoba isifo selepeke kutiwe sipelile. Inxa igasi liselula kuyashlala kakona ukuvu kwa yisifo njengoba basi bonke.

Ukufudumala nokutula kodwa kuyasiza kepa akubi isikati eside njalo Nobutongo abapumusi abayihlamleli imizwe ehlala idoneeka kakulu.

Ukupela kwendhlela efanele yokulangisa lomlandela we "Grip" ngokwaka igasi, amakoke umati wegasi odhlula amaPink Pills ka Dr Williams Linele igasi eselivuselelwe lihambe emzimbeni ubese uswa nje nawe ukuti ungenwe amandhla aduduzayo. kuye ngokuya umbala obuyele esihlatini ezipapatekileyo kati nenhliziyo ibemhlope nokudhla kuhambe kahle bese aba sendhleleni yokupila

Umtengisi wakini uyatengisa ngama Pills ka Dr. Williams noma kona ngqo kwo Dr Williams Medicine Co, Long Street, Cape Town ngo 3s 3d ngeraha noma ngasitapa ngo 18s ungalikokeli iposi.

EzasEshowe.

(NGU EX GOSO.)

Amakosa avukile kulesi'kati. Okufana nodade nje kuse kukatise okusi'ndhlwane. Zati nesisto sokwembeta esulilsile umunta abone nje ukuti "Aso siguduse amakosa"

Umfundisi walapa kiti (Eshowe) esapuhamba (uRev. P A. Rodseth) Kabuhlonga kaxnla amalesi ephiye isimva sake, kona kuza omnaye owasiwayo akupeki ukuba bahlange esihlaziswani salabo asuke kade ahlala nabo. Pela nye lapo ekade kwakusanyeni iminyaka eminingi aba kube iKolishi lokufa dias abafundisi eCentenberg.

Nakuloko siyamtokosela uMfundisi.

Ibandhla lakwake belimvatelisa nge Sonto 6/6/20. Kwaku pelele bonke sibaseGeatsheni, indhla yegesala ingasi ikakulu kakulu. Ababekona kwakungati ba sma600 noma 700. Wavalelisa kahle impela uMfundisi kwesa kwafika ibhudi, ngisbo eBandhleni kwafika isinyembezi lapa esalanda ekade ekubona, nebebempete ngako. ebaban nomuso weBandhla lonke.

Ntambama ngo 2, kwangena umh'aso wokumvalelisa. uMr. Titus Celo waseiwa ukubeatate isihlalo. Wavuka umhlengano ngomaswi adabukisayo, ebaban nokuseBenza kwakonfanel si esho nokuti kako osike wasebenzise okwoko esho ngokutola abantu abaningi abapendukayo. Naye uMfundisi wabaye washo muva ukuti wefike kukona abatu aba 30, manje sebe ngaba 3,000 (okubalwa namacantshe) Kwasekuhlabelela iKwaya lika Mr. D. Maiyane (uHead Teacher) ne ika Mr. M. M. Nkuku, lesins'swa sodwa. Kwasuka amanye amadoda nawo ekuiama ngomunya ebonga uMfundisi nesko konke akade ebesisa ngako Kwasuka isibonda soMhlangano wabasha sikulungelwa uMr. M. J. Mpanza naso sikala ngoMfundisi. Kwasuka eboMhlangano wokusaka bekulungelwa uMr. J. C. Zungu. Yomibili lemihlangano yabeka imali yokuvalelisa. Kwase kusuka abapati bamaGatsha bepeza amazwi begcina ngokubeka imali. UMfundisi wacelwa ukuba ay'sebenise yena lemali aeseniteli ngayo njengemvama yalaaye.

NeBandhla lase likipa imali eningi nje umuntu angasiyo ukuti yangakapani ngoba kwase kumhlope itefula. Kwase kusuka uMr. M. B. Zulu esevalelisile abaseReformatory Wase suka ku uMfundisi esebonga konke abamenele kona esevame ukuti kasunikela ngalesi'sipo sako (Laduma ihlambe) Wakuluma ngamazwi amahle kakulu ebayala, ebazwayisa, ebaduduza. Kanoana njengoba ngilisha nje. Bona ngoba kwase kwapunywa ngo 5.

Lapo eseqedile uMfundisi kwaqciniwa ngeliti "God be with you till we meet again" bonke sebemi.

Sesiti Hamba kahle Mfundisi.

Izisisiwa azisibekile pansi lapa sesenze uMhlangano wokuz'aka. Opete isihlalo uMr. J. C. Zungu, uNobhala uMr Mc. J. Mpanza.

Pambili bafana bokwa Mondi!

Kusidabukisile ukuswa ukuti uMr M. J. Mpanza asohambe ayofundela ubuFundisi kona je eOsaraberg. No mfowabo uMr. S. Mpanza ayakona lapo. Sibafisela okuhle abafana bakiti.

UMr. J. J. Mpanza ubelapa esovalelisa zuMfundisi walapa njengoba ese namba pela seku iloku ebaseMandikini (Leper Location).

Noko ube bakeka seagati nyamtanda impela lomsebenzi.

LoMteto weZindaba zaBantu mina ngi ushayela isitupa sengati nsobamuhle kakulu kunayo yonke ekade yeasiswa. Assike njalo, kodwa ingqondo yawo inhle kakulu.

Ukuze enze lubukwayo uHulumeni!

Nge Colour nar ebandhlen'.

Epepeni lako lesonto elidhlule ngtake ukuhlangana nalombhalo ongapesula ulotwe umzfo osibisa ngomWesile. Okokuqala ngitanda angxsise loku: Usikundhla sini ebafundisini nasebaTshifini nokube ulilunge nje na? Ngishiyeke lapo ngize kulolodaba lwake ngiti, Ngisinisa isitupa nga lo. Bheka Mngane ingosi yomuntu ikuloko okungumsebenzi wake awenayo. Uma ungumtesi wamacala uyozoshwa ngokuteta amacala; uma ungumbambi wabantu uyozotshelwa kona ukubamba kwako loko. Wena ke po mngane ubafuna cengisi banga twalelwa ubani na? Basifundisa ngo Moses ukuti wadela umbuso kaFaro nendodakasi yake wahlupeka nabakaBo, abakwenzi kodwa. Kona lapo futi ngeye uMoses besifundisa ukuti wafika kulwa umIsrael nomJipit. wasisa owakwaIsrael, abakwenzi baya sifundisa kodwa absifundisi. Kusibonisani-ke loko? IsiZulu esakoqeda konke ukukuluma sati, "Absbuyisi bapambili" Ezqitshwayo lena efukakayo yini? Uma utembeke kokunosene utembekile nskokukulu. Uma ngikaika uEl wahlulwa usd ngingati uyomkoka ngani nje nempela na? Liti elinye iswi, "ulinganiswe esilinganisweni wafunyanwa ulula." Loko kuyasitonisa ukuti akunakwenzeka uyipi into isimo sayo singaziwa kuqala Asiko ukuti ukuqoma ukuhlupeka loku kunjengoba kufundwa nje ngomlomo encwadini. Kuseleke yena nje owesibili ngenxa yaloko okwehlela owokoqala. Abangenela ukudhla ilifa lendodakasi kaFaro baningi kodwa bayingcosane abangenela ukuhlupeka nabakubo. Imbambo ngumstiya, inhliziyo umabulaleka.

Yimina e

NTABEZIKUDE.

UMWESELI WOKUZALWA No 2.

Ayingangamlonyeni.

Kwasosuke isinto esesesiwayo kubekona isisolo esivala kubanta sesuke bebeka ngemehlo. Kepa isto esome kuba bonke abanta, ukwala bengakaboni nokuti labo abasebenza leyomisebeni sebeqobe babetapi.

Kwati ngo19'2 kwaqanjwa inhlangano yabanto eyasiwa ngokuti Native National Congress. Umholi wayo kwaba ngoRev. J. L. Dube owaketwa ishlangano ezikulu eyayihlangene eBloemfontein. Nabalaka wadonsa okuDube ngemisamo yaka ogondhi akusasuka isiswe sukubo esimnyama.

Sito sisebheke loko kwasuka omkulu usunido wokuti uDube wehlalekile, ufike wateagisa ngesiswe kubalunga sNgilande ekuwuleni kwake nemazuzu ngo1914. Lomsindo wavevwa ngabanto abafundileyo beti nokuteba uDube usifanele imali kupela, syibo enye into ayensayo. Isigcino sokomsindo sobonakala kona eBloemfontein lapo okaDube walahla kona isikandhla sokohola. Mina angisebe ukuti uDube wayefanele ukuqeba njalo, kodwa ngiti kwakukahle nje ukuba kubaye kuketwa omnye abole isiswe, kuqubeke njalokc kude kuketwa abanta abasemandhla okuhola, kungapikwa ngokuti loku nami ngifundile.

Kusukela mhla uDube atahla pansi ubuholi sesikoneti luto esalwensiwe lCongress.

Nginalo itemba mina lokuti angase abekona umuntu ongahola isiswe nxkukotwa ngandhlela, kuyakwe ukube kupikwe intanzi engeke yasise muntu. Kabi ukuba siti nxa sisesisla nto lwe tu silupake sengatiti sonela kuhle kwanyoka yona elima umuntu idhlule ingamadhli.

Singemengele kakulu soko, nangesimfundo ede ifonakala lapa epepeni yokulwela ubuholi ngoba s'yazi ukuti umuntu angalaka iJosi ngomkomo. Namhla sekoya kanya nakositata ukuti ayingangamlonye.

Yimina,

SAMBANE.

Newcastle,
Natal.

Umbhila namaBele maku Gcinwe.

KUBO BONKE ABALIMI BOMHILA NAMABELE.

(Ngu C. B. Dhlamini)

Izishlupeko salesisikati silete imiesbango eminingi koye wonke umuntu. Nankuke omnoye umosbango obekwa pambi kwebandhla laBantu, okuba wenziwe Makugcinwe konke okuliqiwe kungatengiswa emavinkilini, lokuke: Umbila, amabele, isindhlabu, izindumba, ubhontyisi. (ngapandhle kokuboloyo).

Makwenziwe isikwama sezimali kuzo zonke izindawo, zokuba sitengelane sodwa umbila kanye nako konke okunye okuliqiwe, kotengwa yizo kungayi emaKoleni nasemaSolameneni egisho nakubelungu.

Makupenjwe izinkampane, njengelezo ezipanjwa zitenga amapulazi. Makungavunyelwa emavosibezi kanye nabantwana ukuya kutengisa into eliqiwe emaVinkilini. Kumbulani uJosefa 'Egibiti esindisa isizwe sonke sikaFaro. Nati masisindise ezakiti isizwe. Nibuka kanjani ukuba izisele zingalimile sikupaka ngokuliqiwe yiti, ukuba time sikutengisa ngese kuso, kepa sikulande kuzase ngamanani spindiwe? Abamavinkili abalimi kodwa bengalimi nje nmbhila ufunyawa kubo! Bawtola kanjani po bengalimile nje? Uziwa yiti kuzase iyasibhabela indhlala esiyakukupula bona. Ngempela sifanele ukuba lilada lesiswe? Makuvinjwe ukodhla kungatengiswa emavinkilini. Njengoba izinkomo ezona zasili Bhange letu sesagedwa iEast Coast Fever kanye nemadipi, kulapo isimbhuzi nesimvu semagedwa Sitwayi (Scab) kupela nambla lapo sisokupila kona ukuloodoloza umbhila nako konke esikulimayo, kungayi kuba Rwebi beziswe; kukutuswa abeta abaRwebi abamnyama. Injobo itengelwa ebandhla madoda! ningatalalisi inkulu lendaba etamb kwenu itabateleni pesulu emi nesinyawo zombhili.

NgoMgoqo weBala

tandekayo,

Ngivu le ngipendule uMr. J. Roy Msimang onewadisi yake ovela kwelika 4th June ependula uMweseli wokuzalwa ngendaba yebala. Uti uMsimang "niti kambe siswe sakiti umfundisi W. G. Mtembu osigoga (Cripple) nolizegu ngowokusiwa ezintobeni sase Ndwedwe?" Mina ngiti isotsha elible elifela emachenzini walo, ligugele kuwo. Kuumteto wamaWesile ukutshintsha abe fundisi bobo. Uti uMsimang ngomfundisi uMtimkulu. "Niti uRev Mtimkulu obuciko nangani ngowo kusuwa esiku ndhleni ayesetenjiwe sobuSuperintendent?" Mina ngiti iConference eyasuse umfundisi Mtimkulu kuleso sikundhla yayicezisatu esanele ukumsusa Ngiyapika ukuti yamsusela ibala kupela. Yona leyo Conference uMsimang akala ngayo inqume ukuti imali yabaFundisi abansugdu ayenyulwe. Kangiboni ukuti ibala lingena ngapi kulendaba.

UMWESELI WOKUZALWA No 2.

Ukutunywa kukaSobantu

(Isiqutshwa.)

NgoSamson kulinganiswa ilanga, isiqwaga esikulu; kabonange ebakona umuntu ongaSamson emhlabeni, ukupela ungomunye omisiwe kuka Job. Bobabili lata kuhle abantu abatande ukwazi bezivivinyele ngokwabo, kona besabona isiminya engis kalemayo, kodwa baveke ukukuluma amazwi awakotabelwe ukufundiswa kwabo: bengabukisisi izinto abafundiswa zona.

Angiwalandi law'amaswi okwesisela ngoba ngiti ng wezwile epansa emlenyeni kaSobantu, ngingabe ngiyamgambela engoka Colenso nje; linye iswi engiswe sbantu belitsho ngaye, lokuti upika isihogo noSatani, uti akuko loko kwokubili. Nami okungenza ukuba ngibe neswi kuleso ndaba, yikuti: Konje isihogo lesi sibaswe kuyipi indawo, inza kungase umuntu lowo okwakulinganiswa nawo kuleko siko elikulu okwakucite'wa kuloisibi zomuzi waseJerusalema na? Okwobabili ngibeza ukuti: Konje ukona yini owadala isulu namasulu nomhlaba nemihlaba ngapandhle kuka Nkulunkulu okona, owabe ekona, oyakuba loku ekonć njalo napakade na? Inxa uSatani ekona, eyinto eswayo, kanti kako uNkulunkulu, loku isinhliziyo zabantu bonke zilandela uSatani, bayingcozana abalande'a uNkulunkulu. Esiminyeni sikonjiswa uGovana noNcwbeza, njengokuba kwasiwe ngabantu bonke ukuti izinhliziyo zomuntu zimbili.

Kanti-ke pezu kwemilinganiso yonke yeNkosi yeta' kubona lowo wokuhlazulula kulaba abazitshaya abafundisi bengesibo ngesibili neitabo laba abazithonakalisa bebahle, beti bahamba ngendhlela eyonavona kaNkulunkulu, inganti kabeswani noNkulunkulu. Nanso indaba elotshwe kuLuke X.30-27, esilandisa umuntu owabe epema eJerusalema eti uya eJeriko, bepa wahlangabezana nezigebengu, zempanga, zamlimeza, zamahiya engeeiswe muntu obala. Kwase kuqamuka owakwaLevi (ababebelwe ubufundisi,) embona wamdhlula nje, bezna njalo bonke laba abatenjwayo kabese bemnaka. Kwesa kwati ukugcina kwadhlula owase Samaria (omunye walabo ababengatandeni namaJuda,) owambona wamhawukela, wambepa amanzeba, wamtwala wamyisa endhlini yezihambi, wafika wanxusa kona ukuba bamise bambadolozele isiguli lero, wtembisa nzokuti eschamba ngakwa ngakobokela abakefunayo inza bemlobukezele lowo muntu olinyaziweyo akubuya kwake. Qondani ukuti naloku ku mlinganiso nje akaniyo indaba eyenzekileyo nge mivu, kuliqeniswa ngaloku inblobo yakantu pakati kwezinhliziyo zabo, ngoba akuyi ubufundisi, akuyi nangobbeda lolu clusentanyeni; ukwenza okutandwa ngoNkulunkulu kuya ngenhliziyo yobantu kupela. Po, njengoba nonke niyazi, umuntu olungileyo ohamba emanvatelweni lapa kwakubamba kona uJesu kengenzeke ukuba standeke kubanto njengokuba neNkosi yake yaza yafa ingatandeki esweni pzu kwengidi yayo yonke emihle yokusiza izwe lonke eyasikeke kulo.

Ngalonyaka 1859 uSobantu zabambela kwaZulu, enkosini uPande kaSenzangakona, eyakucela isiza kwaka indhlu yeSonto kona, ndh's esevakohlenganisa ubuhlobo, eseshi, a umNtwana uMkungo esikoleni Ekwanyeni efunda kanye nezingane. Watata ababili kutsfana besikale, uNdiane kaZatshuke iBomvu lakwaNgubane noMageza kaMagweza iFuze lakwa Ngcobo, noWilliam kaDuzane iNgidi lakwaHlomuka ngokohlomudrele (owabe ihumusha lake lokumsiza emaswini nasezindabosi sonke exipatelele kubantu.)

Ezase Mzimkulu.

(Nga W. ALEX. RADEBE.)

Kuvakile ukufa kwezinkomo sekuze kwabiswa imbizo emkulu enkantolo yase Msimkulu batyelwa abantu ukuti kazovela ukufa okukulu kwezinkomo ngako abavume ukuba sigcatywe isinkomo.

Amakasa akulile lapa umuntu ndinga icebo uma lisbona ilanga. Isimangaliso esikona isincwadi zeposi (Post Letters) zisabotshwa ubutopatapa ngokungabeki kwabantu a1½d Stempa. Angazi ukuba kusekona abangakwazi umteto owaba ka 1½d.

Ubuyile uMr. P. J. Motaka emhlanganweni kwaZulu ngako naye usimisele ukubiza enkulu imbizo lapa a'ocazela abantu izindaba.

Nami ng vumela wena Mweseli ngiti isenzo sika Komfa sibi nanyaka ngako kuhle, sikulume ukuze kulunge; ukup ma akubumbi kodwa kuyacita.

Kuyamangalisa ukubona ubuningi bezinkomo zizvele ngase Franklin ezidhlula ngesitamela. Ngize ngicabange ukuti zipelile kepa kuyasa siyadhlula. Ngiti kuku u okwenziwa abalungu bantsondo.

Into ebuhlungu ukulu umkuhlane lapa eCentocow Mission. St. kubantwana.

AK'UZILINGE KANYE.

Kuko ndinga inhlamvu yokulungisa isisu, noma umuti opolile, noma owokubambisa, izinhlamvu zika Chamberlain ziyoko xo okudingeyo, ziyikohla b'omxwele. Zitengiswa yibo bonke abatengisi.